# Isthembiso

Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiZulu nguMandla Ndlovu
Umfanekisi nguSubi Bosa    Umhlobisi nguJennifer Jacobs



ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 1    6/22/23 14:54

UCilo ungumelusi wezinkomo othembekile.

Zonke izinsuku ubaba wakhe umxwayisa ngobungozi bomfula uNanda.

“Ubaba ufuna ukungithusa nje,” kucabanga uCilo.

“Namhlanje izinkomo zomile! Kumele ngiye emfuleni uNanda,” kucabanga uCilo.

ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 3 6/22/23 14:54



Esesemfuleni, uCilo wafaka amanzi esigujini sakhe, waphuza.

Yini **leyo?**

Kukhona okwakuphazamisa inkomo ensundu, ngesikhathi iphuza.

ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 5 6/22/23 14:54

**"Hhayi ngeke!"**

kumemeza uCilo.

"Igagasi limukisa izinkomo ezimbili zikababa!"



Umfula uNanda ubukeka udiniwe.

UCilo wagxumela emanzini ukuze atakule izinkomo.

ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 7 6/22/23 14:54

Umfula uNanda wakhukhulela uCilo nezinkomo kolunye usebe lomfula. "Sekukude ukuthi ngikwazi ukubhukuda ngiwelele phesheya komfula!" kukhala uCilo.



ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 8 6/22/23 14:54


"Ngizokwenzenjani manje?" Ngaleso sikhathi wezwa **ukungqangqazela** kokuduma kwezulu.



ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 9 6/22/23 14:54

Emva kokuna kwezulu kwaqhamuka uThingo lwenkosazane.

"Wenzani lapha?" kubuza uThingo lwenkosazane.




ZA_ABP_13_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 10 6/22/23 14:54

"Ngikhukhulwe umfula uNanda," kukhala uCilo.

"Awu bandla," kusho uThingo. "Awungitshele, owani lo mgexo owufakile?"

Waphendula ngokuziqhenya uCilo, "INkosi uNkanyezi wanginika ucu ngoba ngingumpetha wokudubula ngesihlilingi eNanda."

"Awungitshengise-ke. Uma ungakwazi ukudubula ngesihlilingi, itshe liye ngaphesheya komfula, ngizokusiza uwelele ngaphesheya komfula," kuthembisa uThingo.




ZA_ABP_13_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 11 6/22/23 14:54

UCilo wacosha itshe walifaka esihlilingini sakhe.
Walijikijela ngawo wonke amandla akhe.

**"Hhayi bo!"** kumemeza uCilo.

**Gqwambi!** Itshe lawela phakathi nomfula.



"Uhlulekile," kusho uThingo
wabe esenyamalala.

UCilo waqala wakhala futhi. Ngesikade wezwa iphimbo liqhamuka emfuleni.



ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 14 6/22/23 14:54



“Ngingakusiza, kodwa manje nina bantu niyangihlupha,” kukhononda umfula uNanda.

“Usho ukuthini?” kubuza uCilo.

“Kade ngangininakekela iminyaka eminingi. Ngininika amanzi. Ngininika ukudla. Konke kodwa enikwenza kimina ukungingcolisa.”


ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 15 6/22/23 14:54

“Ngingakusiza kanjani?” kubuza uCilo.
“Kulula,” kusho umfula uNanda.
“Nginike izinkomo zakho.”

“Izi-nko-mo zikababa nje,” kukhala uCilo.



ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 16 6/22/23 14:54



"Kungcono-ke **ngizokugwinya!**"

"Ngicela ungangigwinyi," kuncenga uCilo. "Ngiyathembisa, ngizowutshela umphakathi ukuthi ungabe usakungcolisa."

"Angikukholwa, mfana omncane!" kusho umfula uNanda.

ZA_ABP_13_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 17 6/22/23 14:54



Ngaleso sikhathi, emuva ekhaya wonke umuntu wayecinga uCilo.

“Ngiyibonile indodana yakho emfuleni uNanda,” kusho umama omdala ekhomba.

Wonke umphakathi wagijima waya emfuleni.

Umsindo osabekayo waqhamuka emfuleni. Umfula uNanda wawusuthukuthele kakhulu.

ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 18 6/22/23 14:54

Umfula uNanda wabakhukhula bonke wabafaka emanzini ajulile.

“**Hhayi bo!** Sisize bo! Ungasigwinyi,” umphakathi uzincengela. “Kungani usithukuthulele kanjena?” kubuza umphakathi.




ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 20 6/22/23 14:54



“Sesiwungcolisile umfula iminyaka eminingi,” kumemeza uCilo engaphesheya komfula. “Umfula uNanda usesinakekele kakhulu.”

“Siyathembisa ukuthi sesizowunakekela umfula wethu. Sicela usitakule-ke manje,” kukhala umphakathi.

Kusukela ngalelo langa, umphakathi wonke wasigcina isethembiso sawo.



ZA_ABP_18_0093_ThePromise_VE_Inside.indd 23 6/22/23 14:54

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Isthembiso*
The Promise

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0094
ISBN: 978-1-928441-94-6

Ishicilelwe okokuqala iIndwa Publishers.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiZulu nguMandla Ndlovu.
Umfanekisi nguSubi Bosa
Umhlobisi nguJennifer Jacobs
Umhleli nguFiona Wallace
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Indwa Publishers
Meredale, Johannesburg South, 2091
Matthew Jabulani Mngadi | 011 942-5389

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

CC BY

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.